**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YOMNGCWABO WAMALUNGU E-ZCC ECLERMONT NGOMGQIBELO MHLAKA 12 NOVEMBER 2011**

Mangibonge mphathi wohlelo.
AmaLungu esiShayamthetho;
AmaKhansela akhona;
Abefundisi;
Abemboni yezokuThutha uMphakathi;
Abakwa-Olympic Bus Line;
Abezindaba;
Ngokukhethekile ngibingelele osingaye okuyimindeni yabasishiyile;
Bese ngibingelela umphakathi wonke;
Ngithi ngiyanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Masiqale ngokubonga ukuthi egameni likaHulumeni wesifundazwe, omelwe ikakhulukazi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, sithole leli thuba lokuba yingxenye yale nkonzo yokuphelezela abazalwane bethu abasishiyile.

Siyabonga kakhulu nasemphakathini ophumelele ngobuningi bawo, ongamalungu ebandla le-ZCC nongewona, ukuzozimazisa imindeni nokukhombisa ukuthi njengabantu, kuyisiko-mpilo lethu ukuthi ezikhathini ezinjena sibe munye sibambane ngezandla, sihlanganyele ndawonye ukuzobhongela emswanini.

Njalo uma sihambele izinkonzo zalolu hlobo siyaye sikukhuthaze kakhulu lokho ngoba kusho Ubuntu – phela umuntu ngumuntu ngabantu. Kukhulu kwabahanjelwe ukuthi sinabo namuhla ukuzokhalisana nabo ngalo mshophi obavelelele. Siyabonga kunina nonke enikhona lapha.

Ukuba kwethu yingxenye yale nkonzo njengoHulumeni kuhambisana nenqubo esinayo lapha emNyangweni wezokuThutha ukuthi uma kwehle inhlekelele yengozi kwashona abantu abahlanu kuya phezulu, siyaye sixhumane nemindeni sizwe ukuthi ngeke yini saba nenkonzo ndawonye, okungaba ngeyesikhumbuzo noma eyomngcwabo.

Nalapha-ke sithe nakuba ingozi yehle kwesinye isifundazwe, kodwa phela abantu ngabalapha KwaZulu-Natal ngakho-ke ngeke singayenzi imizamo yokuhlangana nemindeni nezihlobo sizobhonga emswanini ndawonye.

Mangicele ukuxolisa nje emindenini nezihlobo zabasishiyile ukuthi njengoHulumeni, futhi siyaphoqeka ukuba sisebenzise izinkonzo ezinjengalena ukugcizelela ukuthi labo phela abasele mabavuleke amehlo kube yibona abazibophezela ukuthi izigameko ezinjengalesi azizokwenzeka ngenxa yabo emigwaqeni.

Mphathi wohlelo nabefundisi bami, ngigcine ukuhambela inkonzo yalolu hlobo ekuqaleni kuka-October laphaya eMpolweni ngaseMgungundlovu lapho sasingcwaba abantu abashona engozini yetekisi eyayibhubhise abantu abangu-15 ngesikhathi esisodwa.

Ngifisa ukuphinda engakusho nalaphaya, ukuthi angiyena umuntu owazi kahle lonke iBhayibheli ngezahluko namavesi njengoba kunjalo. Kodwa isimo esenzeka emigwaqeni yethu singithuma ukuba ngicaphune phakathi kwezinto ezishiwo laphaya ku-Isaya 5: 1-7, lapho kuthiwa:

“Nganginesivini sewayini egqumeni elivundileyo lapho ngangitshale izithombo zekhethelo. Ngangethembe ukuthi sizothela amagrebhisi amnandi, kepha sathela amuncu. Manje-ke nina bantu yahlulelani phakathi kwami nesivini sami. Yini okumele yenziwe ngesivini sami engingakwenzanga”?

Leli vesi lingithinta kakhulu bazalwane ngoba ngibona kufana nakuthina njengoHulumeni esenza konke okusemandleni ukutshala imbewu yekhethelo kwezokuphepha emgwaqeni, kodwa sibona abantu bakithi besinikeza izithelo ezimuncu njengoba sisahambela izinkonzo ezinjengalezi.

Siyazibuza-ke ukuthi ngempela kungani kuthi lapho sithembe ukuthi sizothola izithelo ezimnandi kepha sithole ezimuncu kanje? Siyazibuza ukuthi ngempela kanti kwakhala nyonini emigwaqeni yethu?

Konke lokhu kwenzeka nje, uHulumeni usebe nemikhankaso eminingi eqwashisa ngokuphepha emgwaqeni. Kule mikhankaso kuphinda kusetshenziswe zona izimali kuchitheke nesikhathi esiningi kuncengwa abantu ukuba baziphathe kahle emgwaqeni.

Sikhuluma nje, akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni.

Kodwa uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho. Umuntu ashayele edakiwe noma esekhathele, okungezinye zezinto eziqeda abantu lapha emgwaqeni.

Ngenxa yokwephulwa kwemithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni. Manje yini-ke bakwethu okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani?

Njengamanje-ke isifundazwe saKwaZulu-Natal sesethule umkhankaso wokulwa nezingozi zomgwaqo kanye nobugebengu jikelele esiwubiza ngokuthi u-Operation Val’ingozi.

Lo mkhankaso siwethule ngokomthetho eThekwini ngoLwesihlanu olwedlule ngokubambisana nenyunyana i-Police and Prisons Civil Rights Union (POPCRU).

I-POPCRU inamalungu angaphansi kuka-RTI ahlale ebona lezi zibhicongo ezihlale zenzeka emgwaqeni. Nakuwona futhi amaphoyisa, amalungu abo lawa abhekana nezigebengu nokufa mihla namalanga.

Iningi lethu-ke lapha liyazi ukuthi vele ingozi ithathwa njengento enomkhokha edinga ukuvalwa. Ngakho-ke lithe uma liqhamuka leli gama ngabona ukuthi lingena kahle impela njengoba lithinta nosikompilo lweningi lethu, ikakhulukazi esingabantu amamnyama.

Ngibe sengithatha isinqumo sokuthi makube yinto esiyitshala nakuzo zonke izinhlaka esisebenzisana nazo kuhlanganisa nani enisemaBandleni ezenkolo. Nalapha-ke nakuba sisenkonzweni yalolu hlobo, kodwa sithatha leli thuba ukuba siwethule lo mkhankaso. Sithi masibambisane ukuvala izingozi noma ngezaluphi uhlobo.

Sesike sahlangana nabezikole zokufundisa ukushayela nabo bawesekela ngokuphelele lo mkhankaso. Siyahlela futhi ukuhlangana nabashayeli bamatekisi, nabo okuyibona abathinteka akakhulu kulezi zingozi zomgwaqo.

U-Operation Val’ingozi uyimizamo yokubuyisa onembeza kuthina sonke. Umyalezo wethu ucace kahle: **‘Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu’.**

Ngokwesipiliyoni esesinaso kuyavela ukuthi abashayeli yibona abayimbangela yezingozi eziningi. Ngakho-ke ukusebenza kwethu kubhekene ngqo nabashayeli, ikakhulukazi onembeza babo.

Sibuza ukuthi uthini unembeza wakho uma ukhuluma ne-cell phone ushayela?

Uthini unembeza wakho uma usika lapho kungafanele khona?

Uthini unembeza wakho uma uhamba ngejubale eleqile?

Sithi khuluma nonembeza wakho, uyekele ukubulala abantu.

Ngalo-Operation Val'ingozi sizogxila ekuqiniseni umthetho, sakhe ukubambisana nezinye izinhlaka, sikhuthaze ukuziphatha ngendlela nokuhlonipha umthetho lapho sizobe sifundisa khona ngokuphepha emgwaqeni. Kuzobhekwa kakhulu lawo macala athathwa njenganomthelela kakhulu ekufeni kwabantu emigwaqeni yaKwaZulu-Natal.

Konke lokhu sizokwenza ngokuqinisa izimvimbamgwaqo kubhekwe kakhulu amalayisensi okusebenza kwabathutha umphakathi, isimo semoto, isimo somshayeli nendlela umuntu aziphatha ngayo ngenkathi eshayela.

Sithi izingozi emigwaqeni yethu azizenzekeli nje, kodwa zenziwa ngumuntu osuke enze okuthile okungafanele. Ngakho-ke kumele sigxile ekuqwashiseni, ukufundisa nokuqinisa umthetho ukuze sinqande ukufa kwabantu bakithi.

Ngaphansi kuka-Operation Val'ingozi sizobheka akumele yini siqinise nemibandela yokuthola imvume yokushayela ulayishe umphakathi (i-PRDP).

Sibheka nokuthi ngeke yini umthetho wasivumela ukuphuca ilungelo lokushayela nelobunikazi bemoto kumuntu ophula umthetho ephindelela, ikakhulukazi uma enze ingozi.  Siyabona liyanyuka nenani labashayeli izinkantolo ezibathola benecala lokubulala ngenhloso uma belimaze abantu emgwaqeni.

Sithi siwuHulumeni ingozi yomgwaqo ayenzeki ngephutha kodwa isikhathi esiningi kusuke kungamabomu nje abangwa ubudedengu nokunganaki komshayeli, ikakhulukazi ukungayiqapheli noma ukungayihloniphi imithetho yomgwaqo.

Ukunikeza umshayeli noma umnikazi wemoto isijeziso esingangokona kwakhe sikholwa ngukuthi kungaqinisa isiko lokuhlonipha nokwazi ukuthi okusempeleni phela ilayisensi yokushayela iyigunya nje, akulona ilungelo.

Sithi kumele silubone ushintsho manje. Kodwa futhi nakuba sibeka ithemba lethu ezinhlelweni ezifana nawo u-Operation Val'ingozi ukuthi uvule amehlo abantu bakithi, kuzoncika nakunina ngamunye ukuthi bathini onembeza benu.

Mangiphinde ngithi shwele emindenini elahlekelwe ngokuthi kumele sisebenzise leli thuba ukukhuluma lezi zindaba. Ngithatha leli thuba ngithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, nakuba kunzima kodwa sithi dudu emindenini yalaba:

1. **Nitha Nene from Newlands East**
2. **Bonakele Mazibuko from Ulundi**
3. **Elizabeth Khumalo from Itshelimnyama**
4. **Isabelle Madondo from Mayville – Durban**
5. **Thandi Magwaza from Inanda**
6. **Mr. Salimani from Umlazi**
7. **Thulisiwe Zondo from Claremont**
8. **Vudia Makwana from Johannesburg**
9. **Maria Baloyi from Johannesburg**

Siyabonga-ke nakubo bonke ababambe iqhaza ngezondlela ezahlukene ukuba kusizakale imindeni eshonelwe, sithi ningadinwa namuso. Nathi siphinde sizibongele ngethuba sithembe ukuthi iNkosi izosigcina siphephile ezingozini zomgwaqo kusuka manje size sibone unyaka ozayo ka-2012 neminye elandelayo.

**Ngiyabonga.**